

UNkk Angie Motshekga, uNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo



UMnu Enver Surty, iSekela loMnyango weMfundo eyiSesekelo

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.

Izincwadi zokusebenzela ezikhona kulolu hla lwezincwadi:

- *Ulimi / Ulimi lwasekhaya Amabanga 1-6 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Izibalo Amabanga 1-3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Izibalo Amabanga 4-9 (NgesiNgisi nesiBhunu)*
- *Amakhono Empilo Amabanga 1-3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 1-3 (NgesiNgisi, ngesiBhunu, ngeSepedi nangesiZulu)*
- *Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 4-6 (NgesiNgisi nesiBhunu)*

LIFE SKILLS IN ISIZULU
GRADE 3 – TERMS 1&2
ISBN 978-1-4315-0277-6

THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.

Ibanga 3



Amakhono Empilo ISIZULU Incwadi 1

Ithemu 1&2

Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Nkosi sikelel' iAfrika
Maluphakanyisw' uphondo lwayo,
Yizwa imithandazo yethu,
Nkosi sikelela, thina lusapho lwayo.

Morena boloka setjhaba sa heso,
O fedise dintwa le matshwenyeho,
O se boloke, O se boloke setjhaba sa heso,
Setjhaba sa South Afrika – South Afrika.

Uit die blou van onse hemel,
Uit die diepte van ons see,
Oor ons ewige gebergtes,
Waar die kranse antwoord gee,

Sounds the call to come together,
And united we shall stand,
Let us live and strive for freedom,
In South Africa our land.

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Third impression 2013

ISBN 978-1-4315-0277-6

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

This book may not be sold.

uJanuwari
uFebhuwari
uMashi
u-Ephreli
uMeyi
uJuni
uJulayi
u-Agasti
uSepthemba
u-Okthoba
uNovemba
uDisemba

Ibanga lesi 3



Amakhono Empilo
ISIZULU
Incwadi yoku-1



Le ncwadi ngeka:

Impilo yami



Masibhale

Sonke sehlukile komunye nomunye futhi sibalulekile.
Gcwalisa lo mazisi ngempilo yakho.
Uma usukwenzile lokhu bese utshengisa umngani wakho ikhadi lakho.

Yikuphi okufanayo futhi yikuphi owehluke ngakho kumngani wakho?



Umazisi

Igama:

_____.



Iminyaka yokuzalwa:

_____.

Intombazana noma umfana:

_____.

Umbala wezinwele:

_____.

Umbala wamehlo:

_____

Dweba isithombe sakho.

Masixoxe

Manje akucabange ngempilo yakho ukufika manje.

Ukhumbula ukufikaphi?

Usalukhumbula usuku lwakho lokuzalwa?

Usakhumbula uma usaqala isikole?





Masibhale

Gcwalisa lo mugqa wesikhathi ngempilo yakho.

			
Ngazalelwa e	Ngaqala ukukhuluma ngo	Ngaqala isikole e	Ngaqala ibanga lesibili ngo
20_____	20_____	20_____	20_____

Teacher:

Sign:

Date:

Usuku lwami lokuzalwa yi: _____

2

Isikole sami



Masenze

Uthisha wakho uzokusiza ukudweba uhlelo lwakho lwesikhathi. Sikuqalele. Uthisha wakho uzokutshela ngezinye zezehlakalo ezisemqoka angazengeza.

Savulwa ngamuphi unyaka isikole sakho?	Wafika ngamuphi unyaka uthishomkhulu wakho?	_____ _____ _____	_____ _____ _____
20____	20____	20____	20____
_____ _____ _____	_____ _____ _____	_____ _____ _____	_____ _____ _____
20____	20____	20____	20____



Masenze

Obani abantu abasesikoleni sakho? Xoxa ngokuthi bangobani bese ugcwalisa igama elifanele eduze kwesithombe ngasinye. Xoxa nomngani wakho ngalokho abakwenza esikoleni. Sebenzisa amagama alandelayo azokusiza.

Abasebenzi abahlanza isikole

Othisha

Uthishomkhulu

Izingane













Masiqhubeke

Uthisha wakho uzobiza igama lakho bese ejikijela ibhola kuwena. Nqaka ibhola ngaphambi kokuba liwe.



Manje nqaka ibhola ngesikhwama uma umngani wakho eliphonsa.



Phonsela umngani wakho ibhola bese ubheka ukuthi angalinqaka ngesikhwama na.

Zinwebe njengekati ukuze ukhululeke.





Konke ngami

Masixoxe

Cabanga ngento ejabulisayo eyake yakwehlela ngaphambilini. Xoxela umngani wakho ukuze akwazi kangcono.



Masenze

Tshela umngane wakho ukuthi lo muntu ushintshe kanjani esuka ebuntwaneni eba yinkosikazi endala.

 Usana	 Umntwana	 Umntwana wesikole
 Itshitshi	 Umuntu omdala	 Isalukazi

Masiqhubeke

Shaya izinyawo ngale ndlela.

X = Exokunxele 

D = Esokudla 





D X D D X D X D

D X D X

X X D X X D X D

Teacher:

Sign:

Date:

4 Okukhulu nokudala



Masixoxe

Xoxa ngokuthi wehluke kangakanani ezinganeni ezindala nakubantu abadala.

Uma isikhathi sihamba abantu bayakhula. Umbala wezinwele zabo uyashintsha, imisipha yabo iyaqina futhi bayahlakanipha.

Bashintsha kanjani abantu ngenkathi bekhula.





Masibhale

Yikuphi kokulandelayo okwenza ngendlela eyahlukile kuleyo abazali bakho abenza ngayo.

	Mina		Abazali bami	
Gijima ngaphandle kokukhathala	☺	☹	☺	☹
Gxuma	☺	☹	☺	☹
Funda iphepha	☺	☹	☺	☹
Shayela imoto	☺	☹	☺	☹
Dlala esihlahleni	☺	☹	☺	☹

Masicule

Masizilungisele ukucula.
Yenza imisindo elandelayo.

Umsindo osheshayo we-ambulense.

Umsindo onensayo njengeculo lokulalisa umntwana.

Umsindo ophezulu njengenyoni icula.

Umsindo ophansi njengebhubesi livungama.

Masiqhubeke

Ungalinqaka ibhola?



Phosa ibhola emoyeni uphinde ulinqake ngezandla zombili.



Liphose phezulu bese ushaya izandla zakho ngaphambi kokuba ulinqake ibhola.



Shaya ibhola phansi.



Manje zelule njengekati





Imizwa

Masixoxe

Bheka lezi zithombe bese usho ukuthi izingane ziphatheke kanjani.
Wake wazizwa ngale ndlela?
Bhala usho ukuthi ingane ngayinye iphatheke kanjani. Sebenzisa amagama alandelayo ukuze akusize.

ujabhile	ujabulile	udabukile	uyesaba
	uyaziqhenya	ucasukiwe	















Masixoxe

Yini ekujabulisayo?



Yini ekujabhisayo?

Yini ekwenza wesabe?



Masibhale

Yini ekucasulayo?

Dweba umungqa uhlanganise amagama asho okufananyo.





ujabulile	wethukile	ucasukile	udangele

uthukuthele	uthokozile/weneme	uyesaba	akajabulile





Teacher:

Sign:

Date:

6 Izinto engizithandayo

Masibhale Hlikihla izinkanyezi ngemibala uma uthanda okulandelayo.



Ngithanda ukufunda.



Ngithanda ukudweba.



Ngithanda ukubhala.



Ngithanda ukubhukuda.



Ngithanda ibhola lezinyawo.



Ngithanda ukupenda.

Masidwebe

Dweba izithombe ezimbili ukutshengisa lokho okuthandayo.



Ngithanda _____.	Ngithanda _____.





Masibhale

Hlikihla izinkanyezi ngemibala uma ukwazi ukwenza kahle okulandelayo.

- Ngiyakwazi ukugijima ngejubane
- Ngiyakwazi ukudweba kahle
- Nginekhono lezibalo
- Ngiyakwazi ukufunda kahle

Masidwebe

Dweba isithombe sezinye zezinto onekhono lazo.



Teacher:

Sign:

Date:

7

Imizwa

Masixoxe Bheka lezi zithombe bese usho ukuthi ungazisiza kanjani lezi zingane ukwenza okufanele.

	Awukwazi yini ukubheka lapho uya khona?	
	O! Nxese! Wothi ngikusize ukucosha lokhu!	
	Ohho! Nanti ibhola lakho!	
	Ohho! Hamba uyodlalela kwenye indawo!	
	Okwami lokhu futhi ngeke ngikuphe.	
	Woza khona sizokwabelana ngoshokoledi.	

Masibhale Benzani abangani abahle?





Bhala okunye okubili abangani abakwenzayo.



Masixoxe

Buka lezi zithombe. Khuluma ngalokho okubona kuzo ngasinye. Khetha sibe sinye usidlale njengomdlalo. Nikeza indaba yakho isiphetho.









Masiqhubeke

Zama ukwenza okulandelayo.

- Gijima uzungeze inkundla. Uma uthisha wakho ethi "shintsha" jika bese ugijima ubheke ngakolunye uhlangothi.
- Phosa ibhola emoyeni bese ulibamba ngezandla zombili.
- Shaya ibhola phansi ume unganyakazi.
- Manje shaya ibhola phansi futhi uhambe ubheke phambili ngesikhathi esisodwa.



Teacher:
Sign:
Date:

Ukubheka nje



Masibhale

Zibheke	✔	✘
Ngingumngani olungile.		
Ngiyabakhathalela abangani bami.		
Nginobungani ezinganeni engifunda nazo.		
Izingane eziningi eklasini lami ziyangithanda.		
Ngikhuluma kahle nabanye abantu.		



Masenze

Yenzela umuntu omthandayo ikhadi. Dweba isithombe sangaphambili sekhadi bese ubhala umyalezo ngaphakathi.







Masibhale

Dweba isithombe sabangani bakho noma sikathisa noma selunga lomndeni elibalulekile kuwena. Bhala amagama abo.



Abantu ababalulekile empilweni yami



Teacher:

Sign:

Date:

9 Ukufunda ngezempilo

Masixoxe

Xoxa ngalokho okwenzeka kulesi sithombe.

Wake waba nomongozima?

Kufanele wenzeni uma uqala ukuphuma umongozima?



Okufanele ukwenze uma uphuma umangozima/igazi ngamakhala

1. Hlalela maphambili ugobise ikhanda.
2. Vala amakhala akho imizuzu emibili bese uphefumula ngomlomo.
3. Beka into ebandayo ngemuva komqala wakho.
4. Ungafinyi uma umangozima usumile ukuphuma.
5. Uma unganqamuki umangozima ngemuva kwemizuzu eyi-15, kumele ubonane nodokotela.



Ukunakekela ukusikeka







Masifunde

Asikwazi ukuwabona amagciwane kodwa wona agcwele yonke indawo. Uma kwenzeka sizisika kufanele sigcine isilonda sihlanzekile ukuze singangenwa amagciwane.



Indlela yokuhlanza isilonda sokusikeka

Ungalingi uthinte igazi lomunye umuntu.

Uma usiza umuntu olimele ubohlala njalo ufake amagilavu.



Nqamula ukopha.....

Zama ukunqamula ukopha ngokucindezela.....



Uma inxeba lijulile liqhubeka nokopha, kumele ubone udokotela.



Ukusha

Masixoxe

Kwenzekani kulesi sithombe?
Yikuphi okunye okungenza ukuba abantu bashe?











Masifunde

Uma uthinta into eshisayo, uzokusha.

Kufanele wenzeni uma kuba khona umuntu oshayo?

1. Faka indawo eshile ngaphansi kwamanzi abandayo isikhathi esiyimizuzu eyi-10. Lokhu kusiza ukwehlisa ukushisa esikhumbeni.
2. Ukuqaqa amabhandishi abophe isilonda sokusha. Ungayisusi indwangu enamathele esikhumbeni esishile.
3. Beka amabhandishi ahlanzekile esilondeni ukusigcina sihlanzekile.
4. Uma isilonda sokusha sijule ukwedlula intende yesandla sakho kumele ubonane nodokotela masinyane.



Masiqhubeke Ukujomba okude.

Beka uphawu lokuthi ujomba ubude obungakanani.

Bheka ukuthi angakwazi yini umngani wakho ukujomba akwedlule.





Masiqhubeke

Yenza ibhala.

Shintshana nomngani wakho ngokuba yibhala.





11

Ukugcina umzimba wami uphephile



Masixoxe

Kufanele sinakekele imizimba yethu.

Siba nomuzwa othi "yebo" uma sithanda okuthile futhi sifuna kuqhubeke.

Siba nomuzwa othi "cha" uma okuthile kungasijabulisi futhi sifuna kume kungaqhubeki.





Masibhale

Bhala "yebo" noma "cha" eduze kwesithombe, bese usho lokho ozokusho komunye umuntu.









Ukuthi cha

Akuvamile ukuba lula ukuthi cha. Kodwa kufanele uthi cha uma omunye umuntu ekwenza ungakhululeki.

Uma kukhona umuntu okwenza ube nomuzwa othi "cha" futhi ekwenza ungakhululeki, khulumisana nomuntu omdala omethembayo ngalokhu.



Masibhale Yenza uhlu lwabantu ongabethemba.



Teacher:

Sign:

Date:

Ukuzinakekela

Masixoxe

Bhekisisa lezi zithombe. Bheka ukuthi ungakwazi ukuxoxa ngendaba ekulesi sithombe. Gcwalisa ..... sokugcina.











Masibhale

Bhala imithetho emihlanu yokuphepha.
Iqale yonke ngokuthi:

Abantwana akumele nakanye ...



Masenze

Yenza imaski ukutshengisa imizwa yakho.



Uthanda ukuthi imaski yakho ikhombise miphi imizwa?

Dweba ephepheni.

Sika

Sika amehlo.

Hlobisa ngephepha elimibalabala.

Masiqhubeke

Zilungiselele umjaho.



Guqa endaweni efanele yokuqala.

Lalela uma uthisa ethi:

"Guqani! Lindani! Sukani-ke!"

Bese ubeka into ezophazamisa



Teacher:
Sign:
Date:

Ukugcina umzimba wami uphephile



Masixoxe

Sonke sifanele ukugcina imizimba yethu iphile kahle.
Yini eyenziwa yilezi zingane ukugcina imizimba yazo isesimweni esifanele?






Yiziphi ezinye zezinto ezingenampilo ezenziwa ngabantu?

Uthi bewazi nje ukuthi ukubhema kuyinto embi emizimbeni yethu?

Uthi bewazi ukuthi uma umuntu ebhema eduze nawe akuwulungele umzimba wakho?

Kuyiliza kanjani imizimba yethu ukubhema?



Masibhale

Beka uphawu eduze kwesitatimende ukutshengisa ukuthi okuyiqiniso nalokho okungesilo iqiniso.

	Umnandi ugwayi.
	Uma ngihlala eduze komuntu obhemayo lokhu kungalimaza umzimba wami.
	Ukubhema kungenza amazinyo akho abe phuzi.
	Ukubhema kudala izifo zomlomo.
	Ungazithola unokukhwehlela okubi uma ubhema.
	Ukubhema kudala isifo somdlavuza.

Imithetho yezempilo

Kufanele ngikame izinwele zami ngaphambi kokuya esikoleni.

Kufanele ngibhulashe izinzipho zami emva kokudlala enhlabathini.

Kufanele ngihlambe izandla zami emva kokuya endlini encane.

Kufanele ngifake amathishu emgqonyeni kadoti.



Ukuzijabulisa

Kufanele bagqokeni ukuzivikela? Qondanisa izithombe ngokuzihlanganisa ngomugqa ukusuka esithombeni esingakwesokunxele ukuya esithombeni esifanele ngakwesokudla.





Teacher:

Sign:

Date:

Amalungelo nokuziphendulela

Masifunde



Kwesinye isikhathi izingane zifanele zisebenze ngoba imindeni yazo ihlupheka.

Kodwa akufanele ukuba izingane zisebenze kanzima njengabantu abadala.

Izingane kufanele zibe nesikhathi sokudlala nokuya esikoleni.

Bheka izithombe ezilandelayo. Thikha imisebenzi efanele izingane.



UZinhle udayisa izitshalo usuku lonke, akakwazi ukuya esikoleni.



ULungi uchelela ingadi yezitshalo ngemuva kwesikole.



UThemba uthwala izitini ngoba usebenzela umakhi.



UJabu noBongi bayasiza ngokuwasha.



Masixoxe

Yimiphi imisebenzi oyenza ekhaya?

Yiziphi izinto ozenza esikoleni ukusiza uthisha wakho?





Masiqhubeke Zama le midlalo elandelayo.



Yibani yisitimela.



Hlanganisani imilenze ngentambo, bese nigijima.



Amalungelo nokuziphendulela



Masixoxe

Tshela umngani wakho ukuthi lezi zingane ziphula miphi imithetho.

Zonke izikole zinemithetho ukuze zihambise ngendlela efanele. Igumbi lokufundela ngalinye linemithetho okufanele ilandelwe.





Masibhale Bhala imithetho emine yeklasi lakho.







Masixoxe Funda la malungelo nokumele kwenziwe bese uxoxa nomngani wakho ukuthi kusho ukuthini ngakunye.

UMTHETHOSIVIVINYWA WEZINTO EZIMELWE UKUQASHELWA YINTSHA YASENINGIZIMU AFRIKA

Ilungelo lokulingana

Phatha bonke abantu ngokufanayo nangokwamukelekayo. Ungacwasi.



Isithunzi sobuntu

Kumele uhloniphe wonke umuntu. Yiba nomusa ube nokunakekela.



Ilungelo lokuphila

Impilo ibalulekile. Hlonipha konke okuphilayo.



Umndeni

Hlonipha abazali. Yiba nomusa wethembeke emalungwini omndeni.



Imfundo

Ngena isikole, usebenze kanzima ekufundeni kwakho. Hlonipha imithetho yesikole.



Ilungelo lokusebenza

Siza umndeni wakho ekhaya ngayo yonke imisebenzi. Abantwana kumele bavikeleke ekusetshenziswa bebancane.



Ilungelo lokukhululeka nokuvikeleka

Ungalimazi, ungahluphi kumbe wesabise abanye abantu, ungabavumeli nabanye abantu ukuthi bakwenze lokhu. Xazulula ingxabano ngokuthula.



Ilungelo lobunini-mpahla

Hlonipha impahla yabanye abantu. Ungalimazi impahla, ungantshontshi.



Ilungelo leNkolo, ukuKholwa neMibono

Hlonipha inkolo nemibono yabanye abantu.



Ukuphepha

Vikela umhlaba. Ungasaphazi amanzi umoshe ugesi. Vikela izilwane nezitshalo. Gcina ikhaya lakho namakhaya omphakathi ehlanzekile ephephile.



Ilungelo lokuba yisakhamuzi

Yiba yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esethembekile. Hlonipha imithetho, uqiniseke ukuthi nabanye abantu benza kanjalo.



Ukukhuluma ngokukhululeka

Ungawandisi amanga nenzondo. Qiniseka ukuthi abanye bantu abedelelwa, abalinyazwa futhi imizwa yabo.





16

Izinsuku zenkolo ezibalulekile kanye nezinye izinsuku ezisemqoka



Masixoxe

Bheka lezi zithombe.
Ikhona inkolo owazi ngayo kulezi?



amaHindu



ama-Islamu



Inkolo yobuJuda



amaKhrestu

Kufanele sihloniphe abantu bezinkolelo ezahlukahlukene.

Yini inkolo yakho? _____

Yini inkolo yomngani wakho omkhulu? _____

Ngiyahlola nje



Masibhale Gcwalisa lolu qwembe ngawe.

Igama lami _____

Isibongo sami _____

Usuku lwami lokuzalwa _____

Ibanga lami lesikole _____

Isikole sami _____

Inombolo yami yocingo _____

Ikheli lami _____

_____

_____

_____

Inombolo ephuthumayo _____

Umdlalo engiwuthandayo _____

Umbala engiwuthandayo _____

Umngani wami omkhulu _____

Okungijabulisayo _____

Okungijabhisayo _____

Okungicasulayo _____

Engiyikho _____

Teacher:
Sign:
Date:

Ukudla ngendlela efanele



Masixoxe

Buka ukudla ngakunye kula maqoqo bese ukhuluma nomngane wakho ngalokhu okulandelayo:
Yikuphi ukudla okuseqoqweni ngalinye?
Kungani iqoqo ngalinye lokudla liyimpilo kithi.

Amaphrotheni

Amaphrotheni akha amaseli emizimbeni yethu esakhula.





Amavithamini kanye namaminerali

Amavithamini kanye namaminerali kusiza imizimba yethu ukuthi ilwe nezifo ihlale iphila.

Amakhabhohayidrethi

Lezi zinhlobo zokudla zisinika amandla.





Amafutha

Siyawadinga amafutha ukuze sifudumale sibe namandla.



Masibhale Thikha (✔) amazwi ayiqiniso ngokudla okudlayo.

Ngivame ukudla ukudla okunempilo.	
Angivamile ukudla ukudla okunempilo.	
Ngikudla kambalwa impela ukudla okunempilo.	

Sonke sidinga amanzi ukuze siphile. Amanzi azungezisa ukudla esikudlayo kuye kuzo zonke izingxenye zomzimba.



Izindlela esidla ngazo



Masixoxe

Buza abangane bakho ukuthi badlani. Kubuke lokho kudla okwehlukahlukene bese uthikha (✔) lokho okuthandayo, ubeke isiphambano (✘) kulokho kudla ongakuthandi.

Gcwalisa amagama amalungu eqembu labangane bakho.





Masibhale

Bhala phansi konke ukudla okudle izolo.
Bese uthikha (✔) lokho okunempilo.





Qedela igrafu ukuze ubone ukuthi abangane bakho bathanda kudla kuni.
Bala izimpawu zokuthikha ekudleni bese ufaka umbala ofanayo kule grafu.
Bheka isibonelo esikwenzele sona ukukhombisa ukuthi abangane aba-3 bathanda i-ayisikhilimu

I-ayisikhilimu				
Ibhega				
Ama-apula				
Amashipsi				
Isipinashi				
Iphiza				
Iyogathi				
Amaqanda				
Iphasta				





Buka ithebula oligcwalisile bese uphendula imibuzo elandelayo.

Yikuphi ukudla abangakuthandi kahle abangane bakho?
Ucabanga ukuthi abangane bakho badla ngendlela enempilo?
Ukusho ngani lokho?

Teacher:
Sign:
Date:

Ukudla ngendlela enempilo



Masibhale

UThabo noNomsa baya esitolo sokudla esibizwa ngeSunshine. Badinga ukudla abazokupheka ntambama. Basize bakhe uhla lokudla okunempilo.





Masibhale

Bhala into ngayinye ulandelise ngenani lentengo yayo ohleni lwezinto zokuthengwa ngezansi. Bakukhokhele malini oThabo benoNomsa ukudla abakuthengile?

UHLA LWEZINTO EZIZOTHENGWA **AMANANI**





Masibhale

Badla ukudla okunempilo kangakanani? Faka umbala ebusweni ngabunye obunokudla okunempilo.

Indlela engidla ngayo mina	Yebo	Cha
Ngivame ukudlela phambi kweTV.	☺	☹
Ngithanda izithelo nemifino.	☺	☹
Ngithada ukudla okunamafutha njengamashipsi.	☺	☹
Angiwathandi amanzi, ngithanda iziphuzo ezibandayo.	☺	☹
Angithandi ukudla imifino.	☺	☹
Ngikuhlafuna ngendlela efanele ukudla.	☺	☹
Ngidla ibhulakufesi ngaphambi kokuya esikoleni.	☺	☹

Bala imidwebo yobuso obuhlekayo obufake imibala. _____



Ukudla ngendlela efanele



Masenze

Dweba kumbe unamathisele izithombe zokudla lapha ukukhombisa ukuthi yikuphi ukudla okunempilo.

Masifunde

Imithetho yokudla okuyimpilo

Hlanza izandla ngaphambi kokuthinta ukudla.

Ungalingi ushiye ukudla kungemboziwe.

Ungalingi udle ukudla okudala.

Sebenzisa izingqweqwe zemifino ukwakha imvundela yesivande.

Tshala imifino yakho.



Masenze Dweba isithombe ukhombise owodwa wemithetho.



Teacher:

Sign:

Date:

Izinambuzane

Masixoxe Khuluma ngezingxenye ezahlukene zomzimba wezinambuzane.

Izinambuzane zinezingxenye ezintathu emizimbeni yazo: ikhanda, ingenhla lomzimba kanye nengezansi lomzimba.

Zinemilenze eyisithupha kanye nezimpondo ezimbili.



Masenze

Lebula lesi sinambuzane. Dweba umugqa usuke kulebuli uye engxenyeni efanele yomzimba wesinambuzane.



Umlenze

Ingengezansi lomzimba

Ihlo

Ingenhla lomzimba

Uphondo

Ikhanda

Masibhale

Dweba umugqa ukuqondanisa igama ngalinye nesinambuzane esifanele.
Bese usho ukuthi yiziphi izinambuzane eziyingozi, yiziphi eziwusizo.









Inyosi

Umiyane

Impukane

Intuthwane

Intethe

Uvemvane

Ibhungane

Ibhu









Masibhale

Gcwalisa amagama ezikhaleni.



_____ zakha uju.

_____ zidlulisa imbewu ezimbalini.

_____ zandisa umalaleveva.

_____ zandisa izifo.

_____ zidla izitshalo.

Teacher:
Sign:
Date:

Okunye ngezinambuzane

Masixoxe Buka lezi zithombe bese uxoxela umngane wakho ukuthi kungani izinyosi ziwusizo kithina.



Izinyosi zidlulisa imbewu ezimbalini. Lokhu kusiza izithelo ukuthi zikwazi ukukhula.



Izinyosi zakha uju.

Masibhale Bhala igama lesinambuzane ngasinye esikhaleni esibekiwe.



Lokhu _____ kumunca inektha embalini.



_____ zisebenzisa izimpondo ukudlulisa umlayezo.



_____ kuhambisa imbewu ezitshalweni.



_____ kwandisa amagciwane.



Masenze

Akha isinambuzane esinyakazayo.

- Sika izinambuzane ekhasini lezinto ezisikwayo ngemuva encwadini.
- Kulengise lokhu ehengeni yezingubo.



Teacher:
Sign:
Date:

Amakhaya ezinambuzane

Masenze

Landela intambo uze uthole ukuthi isinambuzane ngasinye sihlalaphi.















Zungeza isikole uthole ukuthi kunezinhlobo ezingaki zezinambuzane ongazithola.







Yiziphi izinambuzane ozibonile ngaphandle? Khetha esisodwa ubhale igama laso lapha.
Luhlobo luni lokudla okudliwa yisinambuzane leso?
Kungabe lesi sinambuzane sihamba kancane noma siyashesha?
Kungabe isinambuzane lesi siwusizo kumbe siyingozi? Ukusho ngani lokhu?





Akha manje isinambuzane lesi uze usinike negama.





Masenze

Khombisa izinto ozenzile

Akha uvemvane lwakho

Uzodinga: iphepha eliwu-A4
Amakhrayoni anamfuzelayo
Isikele
Iglu
Okokuhlanza iphayiphi
Iphepha lasendlini encane eseliphelile



Dweba uvemvane ukhombise umzimba walo ozacile omude onezimpiko ezimbili. Luhlobise uvemvane lwakho ngemibala engafani. Qiniseka ukuthi zombili izimpiko zihlobiseke ngendlela efanayo. Sika uvemvane lwakho ulunamathisele esitsheni sephepha lasendlini encane. Enza izimpondo ngokusebenzisa okokuhlanza amaphayiphi, uqale ngokusonga kabili. Zinamathisele ekhanda lovemvane lezi zimpondo.





Masiqhubeke Zama ukudlala le midlalo.



Isiteshi soku-1:

Ibhola lomnqakiswano: Gxuma njengebhola ugijime uye le nale.



Isiteshi sesi-2:

Ihokhi: Sebenzisa induku yehokhi ukushaya ibhola uye nalo emapalini.



Isiteshi sesi-3:

Ibhola lomnqakiswano: Gxuma njengebhola uye kumngane wakho ugijima.



Isiteshi sesi-4:

Ibhola lombhoxo: Gijima nebhola uliphonsele omunye nomunye wenu.



Isiteshi sesi-5:

Ibhola lezinyawo: Enza sengathi udlulisa abadlali uye nebhola emapalini.



Ukuguquguquka kwempilo

Masixoxe

Buka izithombe ezilandelayo bese uxoxela umngane wakho ukuthi isele liguquguquka kanjani empilweni yalo.

Ukuguquguquka kwempilo yesele



1. Amasele amabili ayahlangana ukuze kwakheke amaqanda.
2. Isele lesifazane lizalela amaqanda.
3. Kuvela unoshobishobi oneziphefumulanhlanzi ngaphandle kanye nesisila.
4. Unoshobishobi uvela imilenze.
5. Umsila uzonyamalala.
6. Isele eselikhulile limila amaphaphu kanye neziphefumulanhlanzi.



Masenze

Sika izithombe ezifanele ekhasini elinezinto ezisikwayo ukhombise ukuguquguquka kwempilo yovemvane.



Ukuguquguquka kwempilo kusho izigaba ezingafani zokukhula kwento ngendlela elandelekayo. Sivame ukusebenzisa isondo ukuveza lokhu. Buka ukuguquguquka kwempilo yesele kanye nokovemvane bese uxoxa ngezigaba ezibonakalayo uma lokhu kwenzeka. Dweba umugqa uqondanise isigaba nesthombe esifanele.

Ukuguquguquka kwempilo yovemvane









1 Amaqanda ayachamusela

2 Umntwana

3 Umswenya omkhulu

4 Umswenya wakha isiphungumangatha

5 Uvemvane oluhle

6 Uvemvane luzalela amaqanda













Ukuguquguquka kwempilo



Masixoxe

Buka izithombe ukhulume nomngane wakho mayelana nokuguquguquka kwempilo yechwane lenkukhu.

Ukuguquguquka kwempilo yechwane lenkukhu





Isikhukhukazi sizalela amaqanda





Ichwane elikhulile





Siyawafukamela amaqanda



Ichwane liyachamusela



Ichwane liyakhula



Enza okwakho ukuguquguquka kwempilo.
Lebula isithombe ngasinye endabeni eyisondo ukuveza ukuguquguquka kwempilo yekati. Sebenzisa izihloko ezilandelayo.

Nikeza izigaba izinombolo 1–4 bese uzisebenzisa ukwakha isondo lalezi zigaba.

	Kuzalwa ikati elincane.		Ikati elikhulile.
	Umama wekati ukhulelwa amasonto ayisi-9.		Umama wekati uyabancelisa abantwana bakhe.

Ukuguquguquka kwempilo yekati



Teacher:
Sign:
Date:

27 Veza amakhono onawo



Masenze Zakhele ikati lakho.



Udinga iphepha eliwu-A4
Ipensela
Upende oyimpuphu kanye namanzi
Okokugoqoza izindlebe

- Dweba ubuso bekati ephepheni.





- Hlanganisa uxube upende onemibala emithathu ehlukene.



- Sebenzisa lokhu esigoqoza ngakho izindlebe ngombala ngamunye.



- Enza amachashazi ukuhlobisa ubuso bekati.





Masixoxe Zakhele ikati lakho.



Xoxela umngane wakho ngekati lakho.

Yisho ukuthi ungalinakekela kanjani.



Masenze Dweba izinto ezi-4 ozidinga ukunakekela isilwane sakho. Sewungabhala isihloko semidwebo yakho ngezansi.





Ukunakekela izindawo zethu

Masixoxe

Buka lawa maphosta ukhulume nabangane bakho ngokuthi amaphosta athini.

Buka ilogo yokuvuselela.
Uke wayibona kuphi ilogo efana nalena?





Masifunde Yini esingayenza ukugcina izindawo zethu zihlanzekile?

Sidinga ukukhumbula izinhlamvu ezi-3 ezibalulekile okungu-**NPV**.

Nciphisa: Kumele sinciphise izinto esizilahlayo.

Phindelela: Kumele sisebenzise ngokuphindelela izinto eziningi ngaphambi kokuthi sizilahle.

Vuselela: Sidinga ukuthola izindlela zokuvuselela amaphepha, amabhodlela kanye namathini.



Masibhale

Ethebuleni ngezansi, bhala amagama ezinto ezivuselelekayo.
Sikwenze isiqalo sohla.



Vuselela ingilazi	Vuselela iplastiki	Vuselela amaphepha	Enza imvundela
Amabhodlela amadala	Izikhwama zeplastiki	Amaphephandaba	Amakhasi emifino

Teacher:
Sign:
Date:

Ukuvuselela

Masibhale

Dweba umugqa usuke entweni ngayinye kwesokunxele uye entweni ekwesokudla ukukhombisa ukuthi zingasetshenziswa kanjani zibe wusizo.





Masibhale

Zama ukukhumbula izinto ezingenza imvundela ekahle. Bhala amagama angezanzi ezikhaleni ezifanele ukuqedela ithebula. Ungazicabangela ezinye izinto zakho uzilandelanise ngokwezikhala ezenziwe ngezansi.

amabhodlela amadala | izikhwama zeplastiki | izipikili

amathini eziphuzo | amagobolondo amaqanda

Izinto ezingaboli	Izinto ezibolayo



Masenze

Enza iphosta ukuvimbela ukungcolisa ngodoti. Dweba isithombe bese ubhala umlayezo.



30 Izinsuku zenkolo kanye nezinye ezibalulekile



Masixoxe

Khuluma nomngane wakho mayelana nezimpawu ezisetshenziswa yizinkolo ezithile. Yisho ukuthi yiluphi uphawu olusetshenziswa yizinkolo ezahlukene. Uma ungaluboni uphawu, ludwebe bese ukhombisa umngane wakho.



Isiphambano ngesamaKhrestu. UJesu iNdodana kaNkulunkulu walenga esiphambanweni ukuze sisindiswe ezonweni zethu.



Inyanga ewucezu kanye nenkanyezi wuphawu lwama-Islamu. AmaMoslem athandaza kahlanu nsuku zonke.



Uphawu lwamaJuda yiNkanyezi kaDavide. INkosi uDavide wayebusa ama-Israyeli.



OlwamaHindu uphawu lubhalwe ngolimi oludala lwaseNdiya olwaziwa ngeSanskrit.

Izindawo ezahlukahlukene zokukhonza



Dweba umugqa ukuqondanisa inkolo nendawo yayo yokukhonzela.
Bhala igama lesakhiwa ngaphansi kwesithombe ngasinye.

Ithempeli	Isinagoge	Imoskhi	Isonto

Inkolo
Ubu-Islamu
UbuHindu
ubuKhrestu
UbuJuda

Indawo yokukhonzela




Buza abangane bakho aba-4 ukuthi yiluphi uphawu olukhombisa uhlobo oluthile lwenkolo. Lubhale eduze kwegama.

Igama lomngane	Izimpawu zako

Teacher:
Sign:
Date:

32

Ngiyahlola nje



Masibhale Enza uhla lokudla okudle kusukela izolo ekuseni. Thikha (✔) ebhokisini elikwesokudla, thikha (✘) eduze kohlobo kokudla olunempilo.

Ukudla okuqale izolo ukudliwa	Kungabe kunempilo?



Masibhale Enza uhla lwezinhlobo zokudla okumele sikudle nsuku zonke.





Masenze

Dweba isithombe sokudla okuthandayo usho ukuthi kuvela kuluphi uhlobo lokudla.

Kuphuma kuluphi uhlobo lokudla? _____

A a

B b

C c

D d

E e

F f

G g

H h

I i

J j

K k

L l

M m

S s

N n

T t

O o

U u

P p

V v

Q q

W w

R r

X - Z

x - z




get well soon







